

Imiyalelo eyishumi

1- Ungabi nabanye onkulunkulu ngaphandle kwami. 2- Ungazeleni izithombe ezibaziweyo. 3- Ungaliphathi ngeze igama likaJehova uNkulunkulu wakho. 4- Khumbula usuku lwesabatha ulungcwele. 5- Yazisa uyihlo nonyoko. 6- Ungabulali. 7- Ungaphingi. 8- Ungabi. 9- Unga fakazi amanga. 10- Ungafisi indlu yomakhelwane wakho, ungafisi umfazi womakhelwane wakho, ngoba uzakwehlulelwa yiNkosi. “Kepha mina ngithi kini: Yilowo nalowo obuka owesifazane, amkhanuke, usephingile naye enhliziyweni yakhe.” (Ngokuka Mathewu 5: 28) Ukuzondana yikubulala, “Lowo ozonda unzalwane wakhe ungumbulali; niyazi ukuthi akukho mbulali onokuphila okuphakade okuhlezi kuye. (1 John 3; 15) Ungaya yi ezulwini? Akuzihlole. Sewake waqamba amanga, weba kumbe waphatha igama leNkosi ngeze kumbe wafisa umfazi womakhelwane wakho? “Ngokuba ogcina wonke umthetho kepha akhubeke kowodwa, unecala kuyo yonke.” EkaJakobe 2; 10. Ungazifumane unecala na ngosuku lokwehlulelwa? Nxa ungabe ukwenzile lokho uNkulunkulu ukubona njegesela, umqambi wamanga, isiphingi. I Bhayibheli liyasicebisa ukunxa sonile sizaphalaliswa egehena. Unkulunkulu wathumela indodana yakhe ukuzofa esiphambanweni ukuze ithwale izono zethu. “Ngokuba uNkulunkulu walithanda Izwe kangaka, waze wanikela ngendodana yokhe ezelwe yodwa ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abenokuphila okunaphakade.” (John 3; 16) Ngokunjalo uJesu wavuka kwabafileyo, wanqoba ukufa. Vuma izono zakho uza kuJesu namhlanje, Unkulunkulu uzakunikeza impilo enaphakade. Bala iBhayibheli ngo kuzwisisa.

Izwi leNkosi I

Ufanelwe usindiswe. “UJesu waphendula wathi kuye:” Ngqiqinisi, ngiqinisile ngithi kuwe: uma umuntu engazalwa ngakusha, angawubone umbuso kaNkulunkulu”. (John 3:3) “Thina sonke sidukile njengezimvu” yilowo nalowo uphendukile endleleni yakhe; uJehova wehlisele phezu kwayo ububi bethu sonke.” (Isalah 53;6) “Mina Jehova ngivivinya inhliziywo, ngihlola izinso ukuba nginike, kube yilowo nalowo njengezindlela zakhe, ngengezithelo zezenzo zakhe.” uJeremiya (17:10) “Ngithi kini: Qha, kepha uma ningaphenduki, niyakubhubha kanjalo nonke. (Ngokuka Luka 13:3) Ungeke wazisindisa wena. “Wasisindisa kungengamisebenzi yokulunga esayenzayo thina kepha ngokwesihawu sakhe ngesigezo sokuphindukuzalwa nokwenziwa sibe basha ngoMoya oNgcwele.” (Titus 3:5) “Kukhona indlela ebonakala sengathi ilungile kumuntu, kepha ukuphela kwayo kuyindlela yokufa.” (Izaga 14:12) UJesu wayi tshela indoda. “UJesu wathi kuye: “Mina ngiyindlela, neqiniso, nokuphila. akakho oza kuBaba ngaphandle kwami.” (Ngokuka Johane 14:6) “Ngokuba ngemisebenzi yomthetho akukho nyama eyakulungiswisa phambi kwakhe, ngokuba ngomthetho kukhona ukwazi isono. (KwabaseRoma 3:20) UJehova usinikile inkazimulo. UJesu wathwala izono zethu esiphambanweni ukuze sife ezonweni kodwa siphile ekukanyeni. “Yena owathwala izono zethu emzimbeni wakhe emthini, ukuze kuthi sesifile ezononi siphile ekulungeni, oyena imivimbo yakhe naphulukiswa ngayo.” (1KaPetru 2:24) “Ukristu wafa ngenxa yezono zethu..... wembelwa, nokuthi wavuswa kwabafileyo. (1kwabasekorinte 15:4) UJehova uyakusindisa ngomusa wakhe nxa ukholwa kuye, ayisiso isikwelede luthando oluvela eNkosini. “Ngokuba ngomusa nisindisiwe ngokukholwa, nalokhu akuveli kini kuyisipho sikaNkulunkulu, akuveli ngemisebenzi ukuze kungabikho ozibongayo.” (Kwabase-Efesu 2:8-9)

Izwi leNkosi II

Kholwa ezwini leNkosi usindiswe. UJesu wabaphendula “wathi lo ngumsebenzi kaNkulunkulu, thembani kuye lo omthumileyo. (Ngokuka Johane 6:29) “Ngqiqinisi ngiqinisile ngithi kini: Ozwa izwi lami, akholwe ngongithumileyo, unokuphila okuphakade, akayi ekwahlulelweni, kepha usephumile ekufen, wangena ekuphileni.” (Ngokuka Johane 5:24) “Onayo iNdodana unokuphila; ongenayo indodana kaNkulunkulu akanakho ukuphila. Ngini lobele lokho, ukuze nazi ukuthi ninokuphila okuphakade nina enikholwa egameni leNdodana.” (1 KaJohane 5:12-13.) Vuma uJesu phambi komphakathi. “Ngokuba yilowo nalowo onezinhloni ngami nangamazwi ami ngaye lo iNdodana yomuntu iyakuba nezinhloni, lapho iza ngenkazimulo yayo nekaYise neyezingelosi ezingcwele.” (Ngokuka Luka 9;26) “Ngokuba uma uvumangomlomo wakho ukuthi uJesu uyiNkosi, ukholwa enhliziyweni yakho ukuthi uNkulunkulu wamvusa kwabafileyo, uyakusindiswa, ngokuba umuntu ukholwa ngenhliziyo kube ngukulunga, ngomlomo uyavuma kube ngukusindiswa.” (KwabaseRoma 10;9-10) Ukholo olulemphemela lulemisebenzi emihle. Kusizani

bazalwene bami,uma umuntu ethi unokukholwa,kepha engenayo imisebenzi na?Ukukholwa kungamsindisa na?”(EkaJakobe2:14) “Ngokuba ngoNkulunkulu osebenza kini ngokuthanda nokwenza njengentando yakhe.”(KwabaseFilipi 2: 13). “Ngalokho- ke yilowo nalowo phakathi kwethu uyakuziphendulela kuNkulunkulu.”(KwabaseRoma 14:13) “Uma kukubi emehlweni enu ukumkhonza uJehova, khethani namuhla ukuthi ngubani eniyakumkhonza, noma onkulunkulu bama-Amari enihlala ezweni lawo,kepha mina nendlu yamisiyakumkhonza uJehova.”(uJoshuwa 24:15)

#### Umlayo kaNkulunkulu wokukholwa I

Umbuzo oqakathekileyo emphilweni yakho, uzongena na ezwilwini nxa ufayo emhlabeni? UJehova uthi ukuze ungene ezulwini, “Kumele uzalwe ngokusha”(NgokukaJohane 3:7) Ebhayibhilini uJehova usinika umbono ukuba singazalwa njani kakusha.Okokuqala kumele wazi ukuba uyisoni. “Ngokuba bonke bonile,basilalelwe inkazimulo kaNkulunkulu.”(KwabaseRoma3:23) Ngokuba uyisoni uzokubhujiswa. Ngokuba inkokhelo yesono ingukufa, kepha isipho somusa sikaNkulunkulu singukuphila okophakade kuKristu Jesu inkosi yethu.”(KwabaseRoma 6: 23) Lokhu kuveza impilo enaphakade noNkulunkulu, kunegehena. “Futhi njengalokh kumiselwe abantu ukuba bafe kanye,emva kwalokhu ukwahlulelwa.”(KumaHeberu 9:27) Kodwa uJehovo wakuthanda waze wanikela indodana yakhe eyodwa uJesuukuzothwa izono njalo akufele endaweni yakho. “Kepha uNkulunkulu uyabonakalisa ukusithanda kwakhe ngolokhu, ukuthi, siseyizoni,uKristu wasifela.(KwabaseRoma 5:8) Kunjalo ke singeke sazwisisa nxa uJehova esithi izono zetha zetheswa uJesu wafa endaweni yethu. “Ngokuba izikhathi zokungazi wazithalalisa uNkulunkulu, kodwa kalokhu usememezela kubantu ukuba bonke ezindaweni zonke baphenduke.”(Izenzo17:30) Ukuvuma izono yiphenduka esononi uvuma kuJehova ukubauyisoni, njalo uvuma umsebenzi owenziwa nguJesu esiphambanweni.Naku umbuzo: Ngigenzani ukuze ngisindiswe: (Izenzo 16:30) Iphedulo: kholwa kuJesu njengoba enguye owathwala izono zakho, wakufela wamgcwastshwa wavuka kwabafileyo.Ukuvuka kwakhe kusipha amandla kuze sibe lempilo enaphakade uma simamukela njengomsidisi wethu. “Kpha bonke abamamukelayo wabapha amandla okuba babe ngabantwana bakaNkulunkulu, labo abakholwa egameni lakhe.”(NgokukaJohane 1:12).

#### Umlayo kaNkulunkulu wokukholwa II

“Ngokuba bonke abayakukhuleka egameni leNkosi bayokusindiswa.”(KwabeseRoma 10:13) Kholwa uyokusindiswa. Akukho bandla noma imisebenzi ezakusindisa. Khumbula ukuba uJehova nguye umsindisi.Indlela kaNkulunkulu yosindiso yile:Uyisoni uma ungakavumi izono njalo wamamukelau uJesuowakufela esiphambanweni ukuze uphile impilo enaphakade hasi esonweni. Nxa ukholwa kuye njengo msindisi wakho owafa wavuka kwabafileyo,uzofumana ukuthethelelwa izono zakho.Njalo uzothola isipho senkazimulo enaphakade ngokukholwa. Bala njalo lumbalo kaningi ukuze uwuzwisise. “Ngokuba kuyakumsizani umuntu ukuzuza izwe lonke, alahlekelwe ngukuphila kwakhe, na?” Bana leqiniso kuba usindisiwe.Ngoba nxa umphefumulo ukushiya ungeke walibona izulu. Unga thembi imizwa yakho ngoba iyashintshaYima esithembisweni seNkosi esinga shintshiyo. Nxa ususindisiwe zikhona izinto ezinthathu okumele uhlale uzenza ukuze ukhule ngokomoya. Okokuqala yikuthandaza, ukukhuluma noNkulunkulu. Okwesibili bala iBhayibili, ukuze uNkulunkulu akhulumisane lawe.Okwesithathu, fakaza ngokholo lwakho kwabanye, ubatshela izindaba ezimnandi ngoJesu. “Ngolokho ungabi namahloni ngobufakazi ngeNkosi yethu nangami, isiboshwa sayo, kodwa hlanganyela ukuhluphekela ivangeli ngamandla aNkulunkulu.” (2Kuthimothewu 1:8) “Ngalokho- ke yilowo nalowo oyokungivuma phambi kwabantu, nami ngiyokumvuma phambi kukaBaba osezulwini.” (NgokukaMathewu 10:32) Kumele ubhabhathizwe ngokuvuma kuJehova uJesu Christu, njengesibonelo sobufakazi bokholo lwakho kuJesu ,njalo lokuba munye lalabo abakholelwa eBhayibhilini njengebandla.